the dti Campus, 77 Meintjies Street, Sunnyside, Pretoria, Gauteng, 0002
Tel: +27 (12) 394 1535 Fax: +27 (12) 394 2535
Private Bag X84, Pretoria, Gauteng, 0001

Email: RamareM@beecommission.gov.za

B-BBEE COMMISSION
a member of the dti group

UMHLAHLANDLELA NGAMABHIZINISI ASAQALA (START-UP ENTERPRISES)

Okumayelana noMhlahlandlela

Lo mhlahlandlela ubhalwe futhi usatshalaliswa yikhomishini i-Broad-Based Black Economic Empowerment Commission ("B-BBEE Commission") ngenhloso yokuhlinzeka ngomhlahlandlela mayelana nezokuphathwa kwamabhizinisi asaqala (Start-up Enterprises) ngokwemithetho ye-B-BBEE Codes of Good Practice eshicilelwe ngokuhambelana nomthetho i-B-BBEE Act.

Ibhizinisi Elisaqala (Start-up Enterprise) Kanye ne-B-BBEE

Imithetho ama-Codes of Good Practice achaza amabhizinisi asaqala njengamabhizinisi asaqala ukusebenza noma izinkampani ezibhaliswe ngokusemthethweni esezisebenze isikhathi esingaphansi konyaka, okuyinto ehlukile kokujwayelekile lapho izinkampani zingathathwa njengezintsha kuze kube yisikhathi esiyiminyaka ephakathi kwemithathu nemihlanu. Ibhizinisi elisaqala (Start-up Enterprise) alihlanganisi inkampani esayintsha noma esanda kuhlelwa kabusha eyingxenye yenkampani ebisebenza.

Ukuvumeleka njengebhizinisi elisaqala (Start-up Enterprise)

Ukuze wamukeleke njengebhizinisi elisaqala (Start-up Enterprise), ibhizinisi kufanele lihlinzeke ngesiqinisekiso esizimele ngokwepharagrafu 4.5 ye-Codes Series 000. Amabhizinisi asaqala (Start-up Enterprises) akalwa njengama-Exempted Micro-Enterprise (EME) ngokubekwe kuma-Codes Series 000 onyakeni wokuqala olandela ukusungulwa noma ukubhaliswa kwawo.

Ukugwema uhlelo lokuqinisekiswa kwemininingwane

Ama-EMEs awadingi ukuba ahlolwe ngaphansi kohlelo lokuqinisekiswa kwemininingwane okwenziwa yizinkampani ezijutshelwe lo msebenzi kodwa alindeleke ukuba abhale izincwadi ezifungelwe ezisuselwe endleleni enikwe njengesibonelo ku-www.thedti.gov.za ukuqinisekisa lokhu okulandelayo:

- Imininingwane yofungayo
- Ukuba ama-akhawunti okuphatha nezezimali kuyasetshenziswa;
- Unyaka wezezimali ezibikiwe;
- Ingeniso Yonke eyizigidi eziyi-R10 noma ngaphansi; kanye
- Nezinga lobunikazi labamnyama enkampanini

Ama-EME angasithola futhi isitifiketi kwikhomishana i-Companies and Intellectual Property Commission esiqinisekisa ukuthi ayinkampani entsha futhi nemininingwane eminye ingatholakala ku-www.cipc.co.za.

Ukubika okungenalo iqiniso ngemininingwane engenhla kuyicala njengokubeka komthetho we-B-BBEE Act.

Ukubekwa ezingeni okuzenzekelayo ezinkampanini ezntsha ezingama-EME

Ngaphezu kwezibonelelo ngokohlelo lokuqinisekiswa olubalulwe ngenhla, i-EME enabanikazi abangama-51% abamnyama ingakwazi ukukhushulelwa ezingeni “Labaneqhaza Abasezingeni Lesibili” (“Level Two Contributor”) ibe nokwamukelwa okuyizinga lama-125% le-B-BBEE, I-EME, enama-100% obunikazi obumnyama ingakhushulelwa ezingeni “Labaneqhaza Abasezingeni Lesibili” (“Level Two Contributor”) ibe nokwamukelwa okuyizinga lama-135% le-B-BBEE.

Okuyizidingo ngqo kwezinkampani ezisaqala kumathenda/izinkontileka/namanye amathuba ezomnotho

Ngale kwalokhu okubaliwe ngenhla kwezibonelelo nezinga elikhulisiwe lama-EME kanye nezisaqala (Start-up Enterprises), kufanele zithumele ama-Qualifying Small Enterprise (“QSE”) uma zifaka izicelo zamathenda, noma zifuna ukwenza noma yini kwezomnotho okubalulwe ngokwesigaba u-Section 10 (1) somthetho i-B- BBEE Act, Eziyizigidi eziyi-R10 kodwa ngaphansi kweyizi-R50, nezinkontilaka eziyizigidi ezingama-R50 nangaphezulu kufanele zithumele isilinganiso esijwayelekile lapho kunesidingo khona.

Lokhu kusho ukuthi inkampani esaqala izodinga isiqinisekiso esenziwe yinkampani egunyaziwe eyenza lokho futhi ukwethulwa kwalesi silinganiso kususelwe kwimininingo yangonyaka.

Isiphetho

Inhloso ukunciphisa izindleko ezivamise ukuhaqa izinkampani ezisaqala (Start-up Enterprises), ngakho kubalulekile ukuthi lokhu kusetshenziswe ngendlela enokuqaphela ukuze izinzuzo zibonakale ezinkampanini ezisaqala (Start-up Enterprises). Kodwa, izinkampani ezintsha ngoba kuhloswe ukugwema ukuthobela umthetho i-B-BBEE Act, okubonakalayo ukuthi liyibhizinisi eliqhubekayo ngeke lamukeleke njengenkampani entsha (Start-up Enterprise).

Indlela yokuxhumana nathi:

Ikheli Lendawo:
B-BBEE Commission
the dtic Campus
77 Mentjies Street
Sunnyside
Pretoria
0002

Ikheli lase-dtic
Postal Address
Private Bag X84
Pretoria
0001

Ucingo: (+27) 012 394 1535
I-Imeyili: MRamare@beecommission.gov.za
Isizinda **sase-dtic** samakhasimende: 0861 843 384
Isizindalwazi: www.bbbeecommission.co.za